# 1.5

# IKHATHEKHIZIMA LASEHEIDELBERG

## ISANDULELO

Ikhathekhizima laseHeidelberg noma incwajana yembuzo yaseHeidelberg yaqanjwa ngalelogama ngoba yabe ibhalelwe eHeidelberg okuyinhlokodoloba laseJalimane I Palatinaat. Lemvumo yenkolo yalotshwa ngemvume eyaphuma kuFredrick III, okunguyena owabe ebusa ngalesosikhathi. Ekugcineni lemvumo yenkolo kaKalvin yenguquko, ukuze ibe-yimpumelelo, yathunyelwa kuZacharias Urinus owabe eyiprofesa eyunivesithi yaseHeidelberg nakuCaspar Olivianus, umfundisi wasembusweni, ukuba babhale ikhathekhizima.

Umvuzo walokhu waba ukuba kwenziwe ikhathekhizima elisha okwathi emva kokuba umbusi alivume ngokwakhe nangomhlangano wabaphathi abangamaKalvin, yase ithunyelwa ukuba ithengiswe emhlabeni wonke kusukela ekuqaleni konyaka 1563. Bakhuthala kakhulu ekuyithengeni ngalowonyaka kangangokuba yaze yakhishwa kathathu kulowonyaka. Lelibhuku lisiza kakhulu ezinkonzweni, ikakhulukazi kulowo ophethe inkonzo. Ibhuku lesithathu lekhathekhizima laseHeidelberg linemibuzo nezimpendulo ezihlanganiswe ngamaSonto angamashumi amahluna nambili aziwa ngokuthi ngamaSonto ekhathekhizima. Lenza kubelula ekufundiseni abantu bebandla unyaka wonke.

ENederland lelikhathekizima lasuke laziwa indawo yonke yangakhona futhi lathandeka. Ikakhulukazi ngemizamo kaPetrus Dathenus owalihumusha khona eNederland, lokhukuhumusha kwake kwakuhlanganisa nokuhumusha iculo laseGeneva kwase kuthi ngonyaka ka 1566 base belikhipha ukuba laziwe.

Ngawo lowonyaka uPieter Gabriel wenza isibonelo sokuba lelikhathekhizima alisebenzise ezinkonzweni phakathi kwamabandla asebenza kuwo eAmsterdam. Isinodi esahlangana ekhulwini leminyaka leshumi nesithupa sayamukela lemvumo yenkolo. Amalunga omkhandlu kwadingeka ukuba ayisayine lemvumo yenkolo nabefundisi bayichaze kahle emabandleni. Kwaba nesidingo sokuba lemvumo yenkolo icubungulisiswe kahle yisinodi esikhulu esahlangana eDordrecht ngonyaka ka 1618-1619, namanje lemvumo yenkolo isaphoqelekile ukuba isetshenziswe emasontweni aseGereformeerde lawo azimpande zawo siqhuma kuleyonguquko yaseNederland.

# IKHATHEKHIZIMA LASEHEIDELBERG

*NOMA*

# IMFUNDISO NGEMFUNDO YOBUKRESTU

### INDIMA YANGESONTO 1

1. Induduzo yakho epheleleyo ekuphileni nasekufeni iyini?

Ngeyokuthi ngomzimba nangomphefumulo, ekuphileni nasekufeni (a), angisiye owami (b), kodwa ngingowoMsindisi wami othembekileyo uJesu Krestu (c). Yena wahlawulela ngokupheleleyo izono zami zonke ngegazi lakhe elinqabileyo (d), wangisindisa emandleni onke kaSathane (e), wangigcina kanjalo (f) ukuze nalunwele lwekhanda lami lungalahleki engakufuni lokhu uBaba wami osezulwini (g); yebo-ke futhi ukuze konke kufanele ukusiza insindiso yami (h). Ngenxa yalokho ungiqinisela ngoMoya wakhe oNgcwele ukuthi ukuphila okuphakade kungokwami (i), enze ukuba ngifise ngenhliziyo yami yonke ukumphilela yena kusukela manjena (k).

(a) Rom. 14:8 (b) I Kor. 6:19 (c) I Kor. 3:23; Thithu 2:14 (d) I Petru 1:18, 19; I Joh. 1:7; 2:2, 12 (e) Heb. 2:14; I Joh. 3:8; Joh. 8:34-36 (f) Joh. 6:39; 10:28; 2 Thes. 3:3; I Petru 1:5 (g) Math. 10:30; Luka 21:18 (h) Rom. 8:28 (i) 2 Kor. 1:22; 5:5; Ef. 1:14; Rom. 8:16 (k) Rom. 8:14; I Joh. 3:3.

2. Zingaki izinto ofanele ukuzazi ukuze kulenduduzo uphile ufe ngokuthokoza na?

Ngifanele ukwazi izinto ezintathu (a) eyokuqala ukuthi kungakanani isono sami nosizi lwami (b) Eyesibili ukuthi ngingasindiswa kanjani ezonweni zami zonke nasosizini lwami (c) Eyesithathu ukuthi ngifanele ukumbonga kanjani uNkulunkulu ngenxa yensindiso engako (d).

(a) Math. 11:28-30; Ef. 5:8 (b) Joh. 9:41; Math. 9:12; Rom. 3:10; I Joh. 1:9, 10 (c) Joh. 17:3; izEnzo 4:12, 10:43 (d) Ef. 5:10; iHubo 50:14; Math. 5:16; I Petru 2:12; Rom. 6:13; 2 Thim. 2:15.

# ISIGABA SOKUQALA NGOSIZI LOMUNTU

### INDIMA YANGESONTO 2

3. Usizi lwakho ulwazi ngani na?

Ngiyalwazi ngomthetho kaNkulunkulu (a).

(a) Rom. 3:20.

4. Umthetho kaNkulunkulu ufunani kithina na?

Lokhu uKrestu usifundisa kulenhlanganiso elandelayo ukuthi (Math. 22: 37-40): "Woyithanda iNkosi uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangayo yonke ingqondo yakho. Yilowo umyalo omkhulu nowokuqala. Owesibili ofana nawo uthi: Wothanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena. Kuleyomiyalo emibili kubambelela umthetho wonke nabaprofethi! (a)

(a) Dut. 6:5; Lev. 19:18; Marku 12:30; Luka 10:27.

5. Ungakugcina lokhu ngokupheleleyo na?

Cha ngingeke (a); ngokuba ngemvelo yami ngiyathanda ukuzonda uNkulunkulu nomakhelwane wami. (b)

(a) Rom. 3:10, 20, 23; I Joh. 1:8, 10; (b) Roma 8:7; Ef. 2:3; Thithu 3:3; Gen. 6:5; 8:21; Jer. 17:9; Rom. 7:23.

## INDIMA YANGESONTO 3

6. Kepha uthi uNkulunkulu wamdala umuntu emubi onakele kangako na?

Akunjalo; kodwa uNkulunkulu wamdala umuntu elungile (a) nangomfanekiso wakhe (b); lokho kuthi ekulungeni okuphelele nasebungcweleni, ukuze azi kahle uNkulunkulu, uMdali wakhe, amthande ngenhliziyo yakhe yonke, aphile naye enjabulweni yaphakade ukumbonga nokumdumisa (c).

(a) Gen. 1:31; (b) Gen. 1:26, 27 (c) Ef. 4:24; Kol. 3:10; 2 Kor. 3:18

7. Pho-ke, ivelaphi lemvelo embi yomuntu na?

Kuvela ekuweni ezonweni nakukho ukungalaleli kokhokho bethu bokuqala, uAdamu noEva, eParadisi (a) lapho imvelo yethu yonakala kangako ukuze sonke semukelwe ezonweni sizalwe kuzo (b).

(a) Gen. 3; Rom. 5:12, 18, 19; (b) iHubo 51:7; Gen. 5:3.

8. Kodwa sonakele kangako ukuze singabinawo amandla okwenza nakunye okuhle, sithande ukwenza konke okubi na?

Kunjalo impela (a), ngaphandle kokuba sizalwe ngokusha nguMoya kaNkulunkulu (b).

(a) Gen. 8:21; 6:5; Jobe 14:4; 15:14, 16, 35; Joh. 3:6; Isaya 53:6. (b) Joh. 3:3, 5; I Kor. 12:3; 2 Kor. 3:5

## INDIMA YANGESONTO 4

9. Kanti uNkulunkulu akamphathi yini umuntu ngokungalungi,

ngokufuna kuye ngomthetho wakhe lokho, angenawo amandla okukwenza na?

Cha (a), ngokuba uNkulunkulu wamdala umuntu kanjalo ukuba abenamandla okukwenza lokhu (b); kodwa umuntu wazamuka yena nenzalo yakhe yonke lezozipho ngokuhletshelwa nguSathane (c), nangokungalaleli kwakhe ngamabomu.

(a) Ef. 4:24 (b) Gen. 3:13; I Thim. 2:13, 14 (c) Gen. 3:6; Rom. 5:12.

10. UNkulunkulu uyathanda yini ukuyeka angakujezisi lokhu ukungalaleli nokuhlubuka na?

Hayi ngeke, kodwa uyathukuthela kakhulu (a) ngezono zemvelo nangezono esizenzayo. Ngalokho ufuna ukuzijezisa ngesahlulelo esilungile kulokhukuphila nakuze kube-phakade (b), njengokuba wathi: "Baqalekisiwe bonke abangemi njalo kukho konke okulotshiweyo encwadini yomthetho ukuba bakwenze." (c)

(a) Gen. 2:17; Roma 5:12 (b) iHubo 50:21; 5:6; Nah. 1:2; Eks. 20:5; 34:7; Rom. 1:18; Ef. 5:6 (c) Dut. 27:26; Gal. 3:10.

11. Konje uNkulunkulu akanaso isihawu na?

UNkulunkulu unesihawu ngokwempela (a), kodwa ulungile futhi (b). Yilokho ukuba ukulunga kwakhe kufune ukuthi isono, esenziwe kubo ubukhosi obukhulu bukaNkulunkulu, sijeziswe ngesijeziso esikhulu kakhulu, okuthi ngesijeziso saphakade esisemzimbeni nasemphefumulweni.

(a) Eks. 34:6, 7; 20:6 (b) iHubo 7:10; Eks. 20:5; 23:7; 34:7; iHubo 5:5, 6; Nah. 1:2, 3.

# ISIGABA SESIBILI NGOKUSINDISWA KOMUNTU

## INDIMA YANGESONTO 5

12. Ngokuba-ke sifanele ukuthola ngesahlulelo esilungile sikaNkulunkulu isijeziso kulokhukuphila nakuze kube-phakade, ikhona yini indlela esingasinda ngayo kulesosijeziso samukele umusa na?

UNkulunkulu ufuna ukuba sanelise ukulunga kwakhe (a); ngakhoke sifanele ukuba sanelise ngokupheleleyo lokhukulunga noma yithina noma ngomunye (b)

(a) Gen. 2:17; Eks. 23:7; Hez. 18:4; Math. 5:26; 2 Thes. 1:6; Luka 16:2 (b) Rom. 8:4.

13. Kodwa thina sinokukwanelisa ngokwethu yini lokhukulunga na?

Cha, nakancane, kodwa siyalandisa icala lethu imihla ngemihla (a)

(a) Jobe 9:2; 15:15, 16; 4:18, 19; iHubo 130:3; Math. 6:12; 18:25; 16:26.

14. Kungatholakala yini isidalwa noma yisiphi noma kuphi esingasenelisela ukulunga kukaNkulunkulu na?

Cha, ngokuba ngokokuqala uNkulunkulu akafuni ukujezisa icala, elenziwe ngumuntu, nakusiphi esinye isidalwa (a). Ngokwesibili futhi asikho nasinye isidalwe esingathwala umthwalo wolaka lukaNkulunkulu oluphakade oluphezu kwesono, sisindise ezinye izidalwa kulo (b).

(a) Hez. 18:4; Gen. 3:17 (b) Nah. 1:6; iHubo 130:3.

15. Ngonjani uMlamuli noMsindisi okufanele simfune na?

Sifanele simfune uMlamuli noMsindisi onje ongumuntu uqobo (a) noqotho (b), kanti futhi onamandla amakhulu kunezidalwa zonke, okungukuthi onguNkulunkulu uqobo futhi (c).

(a) I Kor. 15:21 (b) Heb. 7:26 (c) Is. 7:14; 9:5; Jer. 23:6; Luka 11:21.

## INDIMA YANGESONTO 6

16. Kungani ukuba afanele abe-ngumuntu uqobo noqotho na?

Ngokuba ukulunga kukaNkulunkulu kufuna ukuthi imvelo yobuntu eyonile, imelwe ihlawulele izono (a), nangokuba umuntu oyisoni uqobo lwakhe, engakwazi ukuhlawulela abanye (b).

(a) Hez. 18:4, 10; Rom. 5:18; I Kor. 15:21; Heb. 2:14-16 (b) Heb. 7:26, 27; iHubo 49:8; I Petru 3:18.

17. Kungani ukuba afanele abe-nguNkulunkulu uqobo futhi na?

Lokhu kufanele ukuze athwale kubuntu bakhe (a) ngamandla obuNkulunkulu bakhe (b) umthwalo wolaka lukaNkulunkulu (c) nokuze asizuzele asibuyisele ukulunga nokuphila (d).

(a) Is. 53:4, 11 (b) Is. 9:5; 63:3 (c) Dut. 4:24; Nah. 1:6; iHubo 130:3 (d) Is. 53:5, 11.

18. Kepha yena ungubani loMlamuli onguNkulunkulu uqobo (a) nomuntu uqobo (b) noqotho kanyekanye na (c)? UyiNkosi yethu uJesu Krestu (d) ophiwe thina nguNkulunkulu abe-ukuhlakanipha nokulunga kanye nokungcweliswa nokuhlengwa (e).

(a) I Joh. 5:20; Rom. 9:5; 8:3; Gal. 4:4; Is. 9:6; Jer. 23:6; Mal. 3:1 (b) Luka 1:42; 2:6,7; Rom. 1:3; 9:5; Fil. 2:7; Heb. 2:14, 16, 17; 4:15 (c)

Is. 53:9, 11; Jer. 23:5; Luka 1:35; Joh. 8:46; Heb. 4:15; 7:26; I Petru 1:19; 2:22; 3:18 (d) I Thim. 2:5; Math. 1:23; I Thim. 3:16; Luka 2:11; Heb. 2:9 (e) I Kor. 1:30.

19. Ukwazi ngani lokhu na?

Ngevangeli elingcwele owaqala alumbule lona uNkulunkulu eParadisi (a), wabuya walazisa ngokhokho abangcwele (b) nangabaprofethi (c), walibonakalisa ngaphambili ngemihlatshelo nangemikhuba eminye yomthetho (d) waze walingcwalisa ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa (e).

(a) Gen. 3:15 (b) Gen. 22:18; 12:3; 49:10 (c) Is. 53;42:1-4; 43:25; 49:5,6,22,23; Jer. 23:5,6; 31:32, 33; 32:39-41; Mika 7:18-20; izEnzo 10:43; 3:22-24; Rom. 1:2; Heb. 1:1(d) Heb. 10:1, 7; Kol. 2:7; Joh. 5:46 (e) Rom. 10:4; Gal. 4:4; 3:24; Kol. 2:17.

## INDIMA YANGESONTO 7

20. Konje bonke abantu babuya basindiswe ngoKrestu, njengokuba balahlekile kuAdamu na?

Cha, (a), kepha labo kuphela abatshalwe kuKrestu ngokukholwa kweqiniso, bamukela imisebenzi yakhe yonke yomusa (b).

(a) Math. 7:14; 22:14 (b) Marku 16:16; Joh. 1:12; 3:16, 18, 36; Is. 53:11; iHubo 2:12; Rom. 11:20; 3:22; Heb. 4:3; 5:9; 10:39; 11:6.

21. Ukukholwa kweqiniso kuyini na?

Ukukholwa kweqiniso akusikho kuphela ulwazi oluqotho engibamba ngalo ngokwempela konke okwambulwa kithi nguNkulunkulu eZwini lakhe (a), kodwa futhi ukukholwa kungukuthemba okuqotho (b), okwenziwa enhliziyweni yami ngevangeli (c) nguMoya oNgcwele (d). Ngalokhukuthemba ngiqinisile ukuthi hayi kwabanye nje kodwa nakimi kuphiwe ukuthethelelwa kwezono nokulunga kwaphakade nokuthokoza (e) nguNkulunkulu ngomusa kuphela ngenxa yenzuzo nje kaKrestu (f)

(a) Jak. 1:19 (b) Heb. 11:1, 7; Rom. 4:18-21; 10:10; Ef. 3:12; Heb. 4:16; Jak. 1:6(c) Gal. 5:22; Math. 16:17; 2 Kor. 14:13; Heb. 10:10; Joh. 6:6,29; Ef. 2:8; Fil. 1:19; izEnzo 16:14 (d) Rom. 1:16; 10:17; 1 Kor. 1:21; izEnzo 10:44; 16:14 (e) Rom. 1:17; Gal. 3:11; Heb. 10:10, 38; Gal. 2:16 (f) Ef. 2:8; Rom. 3:24; 5:19; Luka 1:77, 78.

22. Yini efanele ukuba umKrestu akholwe yikho na?

Konke esithenjisiwe khona kulo ivangeli (a), amazwi okukholwa kwethu jikelele okungangabazeki kobuKrestu asifundisayo kafushane.

(a) Joh. 20:31; Math. 28:19; Marku 1:15.

23. Athini lawamazwi na?

1. Ngiyakholwa kuNkulunkulu, uYise, uSomandla, uMdali wezulu nomhlaba.
2. NakuJesu Krestu, iNdodana yakhe ezelwe yodwa, iNkosi yethu.
3. Owamukelwa kuMoya oNgcwele, wazalwa yintombi uMariya.
4. Wahlupheka kuPontiyu Pilatu, wabethelwa esiphambanweni, wafa wembelwa, wehlela esihogweni.
5. Ngosuku lwesithathu wabuye wavuka kwabafileyo;
6. Wenyukela ezulwini, uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, uYise, uSomandla;
7. Lapho eyakuvela khona, uzothetha amacala abahleziyo nabafileyo.
8. Ngiyakholwa kuMoya oNgcwele;
9. Ngiyakholwa kulo ibandla likaKrestu, elingcwele, elisezizweni zonke, elingukuhlangana kwabangcwele.
10. Ngiyakholwa kukho ukuthethelelwa kwezono.
11. Nakukho ukuvuka komzimba.
12. Nakukho ukuphila okuphakade.

### INDIMA YANGESONTO 8

24. Lamazwi ahlukaniswa kanjani na?

Ahlukaniswa ngezigaba ezintathu. Isigaba sokuqala sikhuluma ngoNkulunkulu-uBaba nangokudalwa kwethu; esesibili sikhuluma ngoNkulunkulu-iNdodana nangensindiso yethu; esesithathu ngoNkulunkulu-uMoya oNgcwele nangokungcweliswa kwethu.

25. Ngoba kukhona uNkulunkulu munye oyedwa kuphela, kungani ukuba ubale uBaba neNdodana noMoya oNgcwele na?

Ngokuba uNkulunkulu uzambulile kanjalo eZwini lakhe (b) ukuba labo abathathu abahlukene banguye uNkulunkulu oyedwa weqiniso waphakade.

(a) Dut. 6:4; Ef. 44:6; Is. 4:6; 45:5; I Kor. 8:4, 6 (b) Is. 61:1; Luka 4:18; Gen. 1:2, 3; iHubo 33:6; Is. 48:16; Math. 3:16, 17; 28:19; I Joh. 5:7; Is. 6:1, 3; Joh. 14:26; 15:26; 2 Kor. 13:13; Gal. 4:6; Ef. 2:18; Thithu 3:5, 6.

## NGONKULUNKULU UBABA NANGOKUDALWA KWETHU

### INDIMA YANGESONTO 9

*26. Ukholwani ngalamazwi okuthi: "Ngiyakholwa kuNkulunkulu, uYise uSomandla, uMdali wezulu nomhlaba na?"*

*Ngiyakholwa ngawo ukuthi uYise ophakade weNkosi yethu uJesu Krestu, owadala izulu nomhlaba nakho konke okukukho ngaphandle kotho (a), osakulondolozayo akubuse ngecebo lakhe nangokunakekela kwakhe okuphakade (b), unguNkulunkulu wami noBaba wami ngenxa yeNdodana yakhe uKrestu (c). Ngiyamethemba kangaka ukuze ngingabazi ukuthi uzonginakekela ngakho konke okudingekayo komzimba nokomphefumulo wami (d) nokuba aguqule konke ukuhlupheka angithumele khona – unokukwenza lokhu enguSomandla (f), uthande ukukwenza enguBaba othembekayo (g)*

*(a) Gen. 1, 2; Eks. 20:11; Jobe 33:4; 38, 39; izEnzo 4:24; 14:15; iHubo 33:6; Is. 45:7 (b) Heb. 1:3; iHub o 104:27-30; 115:3; Math. 10:29; Ef. 1:11; (c) Joh. 1:12; Rom. 8:15; Gal. 4:5-7; Ef. 1:5 (d) iHubo 55:23; Math. 6:25, 26; Luka 12:22 (e) Rom. 8:28 (f) Is. 46:4; Rom. 10:12 (g) Math. 6:32, 33; 7:9-11.*

## INDIMA YANGESONTO 10

27. Uqondani ngokunakekela kukaNkulunkulu na?

Kungamandla kaSomandla, angenza konke, akhona ndawozonke (a); ngawo-ke usalondoloza abuse izulu nomhlaba nezidalwa zonke njengangesandla sakhe kangaka (b), ukuze singatholi ngenhlanhla imifino notshani, nemvula nokomisa (c), neminyaka yenala neminyaka yendlala, nokudla nokuphuza, nokuphila nokugula (d), nomnotho nobumpofu (e), nezinto zonke, kodwa lokhu konke kuyasivelela esandleni sikaBaba (f).

(a) IzEnzo 17:25-28; Jer. 23:23, 24;Is. 29:15, 16; Hez. 8:12 (b) Heb. 1:3 (c) Jer. 5:24; izEnzo 14:17 (d) Joh. 9:3 (e) izAga 22:2 (f) Math. 10:29; izAga 16:33.

28. Kusisuzani ukwazi ukuthi uNkulunkulu wadala konke nokuthi usakulondoloza konke ngokunakekela kwakhe na?

Ukuba sibenesineke kukho konke ukuhlupheka (a), sibenokubonga kukho ukuthuthuka (b), nokuba simethembe uNkulunkulu wethu noBaba othembekayo kukho konke okungase kwehlele phezu kwethu ngokukholwa kweqiniso (c) kokuthi nasidalwa singesahlukanise nothando lwakhe (d); ngokuba izidalwa zonke zisesandleni sakhe kangangokuba zingenyakaze zenze lutho engakufuni lokhu (e).

(a) Rom. 5:3; Jak. 1:3; iHubo 39:10; Jobe 1:21,22 (b) I Thes. 5:18; Dut. 8:10 (c) iHubo 55:23; Rom. 5:4 (d) Rom. 8:38, 39 (e) Jobe 1:12; 2:6; izAga 21:1; izEnzo 17:25.

## NGONKULUNKULU INDODANA NANGENSINDISO YETHU

### INDIMA YANGESONTO 11

29. Kungani ukuba iNdodana kaNkulunkulu ibizwe ngegama lokuthi "uJesu," okokuthi uMsindisi na?

Ngokuba uyasithokozisa asisindise ezonweni zethu zonke (a); futhi ngokuba kungefunyanwe kutholwe insindiso komunye noma bani (b)

(a) Math.1:21; Heb. 7:25 (b)izEnzo 4:12; Joh. 15:4, 5; I Thim. 2:5; Is. 43:11; I Joh. 5:11.

30. Bayakholwa-ke yini bona nabo kuMsindisi oyedwa uJesu, abafunayo ukuthokoza nensindiso yabo kwabangcwele noma kubo uqobo lwabo noma endaweni enye na?

Cha, kodwa bayamphika uMsindisi oyedwa uJesu ngezonzo noma bembonga ngomlomo (a); ngokuba kukhona izindlela ezimbili: noma uJesu akasiye uMsindisi opheleleyo, noma abamukelayo loMsindisi ngokukholwa kweqiniso baswele ukuba nakho konke kuye okudingekayo mayelana nensindiso yabo (b)

(a) I Kor. 1:13, 30, 31; Gal. 5:4 (b) Heb. 12:2; Is. 9:6; Kol. 1:19; 20; 2:10; I Joh. 1:7.

### INDIMA YANGESONTO 12

31. Ubizelwani ngokuthi "uKrestu," okokuthi oGcotshiweyo na?

Ubizwa kanjalo ngokuba wamiswa nguNkulunkulu uYise, wagcotshwa ngoMoya oNgcwele (a) ukuba abe-uMprofethi wethu omkhulu noMfundisi wethu (b) osambulele ngokupheleleyo isu elifihliweyo nentando kaNkulunkulu maqondana nensindiso yethu (c); nokuba abe-uMpristi wethu omkhulu oyedwa (d) osisindisile ngomhlatshelo owodwa womzimba wakhe (e), elokhu esimela kuBaba ngokusinxusela kwakhe (f); nokuba abe-yiNkosi yethu yaphakade esibusayo ngeZwi layo nangoMoya wayo esivikelayo esigcinayo ensindisweni, asizuzele yona(g).

IHubo 45:8; Heb. 1:9; Is. 61:1; Luka 4:10 (b) Dut. 18:15; izEnzo 3:22; 7:37; Is. 55:4 (c) Joh. 1:18; 15:5 (d) iHubo 110:4 (e) Heb. 10:12, 14; 9:12, 14, 28 (f) Rom. 8:34; Heb. 9:24; I Joh. 2:1; Rom. 5:9, 10 (g) iHubo 2:6; Zak. 9:9; Math. 21:5; Luka 1:33; Math. 28:18; Joh. 10:28; isAmb. 12:10, 11.

32. Kepha ubizelwani wena ngokuthi ungumKrestu na? (a)

Ngokuba ngiyisitho sikaKrestu ngokukholwa (b), ngihlanganyela kanjalo nokugcotshwa kwakhe (c), ukuba ngivume igama lakhe (d) ngizinikele mina kuye, ngibe ngumnikelo ophilileyo wokubonga (e)

ngilwe kulokhukuphila nesono noSathane ngonembeza omuhle okhululekileyo (f), ngize ngibuse emuva kwalokhu kanye naye phezu kwezidalwa zonke kuze kube phakade (g).

(a) izEnzo 11:26 (b) I Kor. 6:15 (c) I Joh. 2:27; izEnzo 2:17 (d) Math. 10:32; Rom. 10:10 (e) Rom. 12:1; I Petru 2:5, 9; isAmb. 1:6; 5:8, 10 (f) I Petru 2:11; Rom. 6:12, 13; Gal. 5:16, 17; Ef. 6:11; I Thim. 1: 18, 19 (g) 2 Thim. 2:12; Math. 25:34.

## INDIMA YANGESONTO 13

33. Kungenxa yani ukuba uKrestu abizwe ngokuthi "iNdodana ezelwe yodwa kaNkulunkulu", uma nathi singabantwana bakaNkulunkulu na?

Ngoba kunguKrestu yedwa oyiNdodana yaphakade kaNkulunkulu ngesimo sakhe (a) kodwa thina samukelwe sibe-ngabantwana bakaNkulunkulu ngomusa ngenxa yakhe (b).

(a) Joh. 1:14; Heb. 1:1,2; Joh. 3:16; I Joh. 4:9; Rom. 8:32 (b) Rom. 8:16; Joh. 1:12; Gal. 4:6; Ef. 1:5, 6.

34. Konje umbizelani ngokuthi "iNkosi yethu" na?

Ngoba esithengile ngomzimba nangomphefumulo ezonweni zethu zonke kungengegolide nesiliva kodwa ngegazi lakhe elinqabileyo, wasisindisa kuwo onke amandla kaSathane, wasenza sibe-ngabakhe (a).

(a) I Petru 1:18, 19; 2:9; I Kor. 6:20; I Thim. 2:6; Joh. 20:28.

## INDIMA YANGESONTO 14

35. Lawamazwi athini "owamukelwa kuMoya oNgcwele, wazalwa yintombi uMariya" na?

Athi iNdodana yaphakade kaNkulunkulu, enguNkulunkulu weqiniso waphakade (a) esala enjalo (b), yabuthabatha ubuntu boqobo enyameni nasegazini lentombi uMariya (c) ngokusebenza kukaMoya oNgcwele (d), ukuba futhi abe-yinzalo yeqiniso kaDavide (e), abenjengabafowabo kukho konke (f) ngaphandle kokona (g).

(a) I Joh. 5:20; Joh. 1:1; 17:3; Rom. 1:3; Kol.1:15 (b) Rom. 9:5 (c) Gal. 4:4; Luka 1:31, 42, 43 (d) Math. 1:20; Luka 1:35 (e) Rom. 1:3; iHubo 132:11; 2 Sam. 7:12; Luka 1:32; izEnzo 2:30 (f) Fil. 2:7; Heb. 2:14, 17 (g) Heb. 4:15.

36. Uthola luphi usizo kukho ukwamukelwa nokuzalwa okungcwele kukaKrestu na?

Ukuba abe-nguMlamuli wethu (a), asibekele phambi kukaNkulunkulu isono sami – engamukelwa ngazalelwa kuso – ngobumhlophe bakhe nangobungcwele bakhe obuphelele (b).

(a) Heb. 7:26, 27 (b) I Petru 1:18, 19; 3:18; I Kor. 1:30, 31; Rom. 8:3, 4; Is. 53:11; iHubo 32:1.

## INDIMA YANGESONTO 15

37. Uqondani ngezwi lokuthi "owahlupheka" na?

Ukuthi isikhathi sonke sokuphila kwakhe emhlabeni kepha kakhulukazi ekugcineni kwakho, wayethwele emzimbeni wakhe nasemphefumulweni wakhe uluka lukaNkulunkulu phezu kwesono sesizukulwane sonke sesintu (a). Wayethwele lona ulaka ukuze asindise imizimba yethu nemiphefumulo yethu ekulahlweni okuphakade (b) ngokuhlupheka kwakhe nangomhlatshelo wakhe owodwa (c), asizuzele umusa kaNkulunkulu nokulunga nokuphila okuphakade (d).

(a) Is. 53:4;I Petru 2:24; 3:18; I Thim. 2:6 (b) Gal. 3:13; Kol. 1:13; Heb. 9:12; I Petru 1:18, 19 (c) Is. 53:10; Ef. 5:2; I Kor. 5:7; I Joh. 2:2; Rom. 3:25; Heb. 9.28; 10:14 (d) Rom. 3:25; 2 Kor. 5:21; Joh. 3:16; 6:51; Heb. 9:15; 10:19.

38. Wahluphekelani kumahluleli uPontiyu Pilatu na?

Ukuze asikhulule kukho ukwahlulela kukaNkulunkulu kolaka, okwakuzokwehlela thina (a), ngokulahlwa kwakhe ngumahluleli womhlaba engenacala (b).

(a) iHubo 69:5; Is. 53:4, 5; 2 Kor. 5:21; Gal. 3:13 (b) Joh. 18:38; Math. 27:24; Luka 23:14, 15; Joh. 19:4.

39. Kusho okunye yini ukuthi "wabethelwa esiphambanweni" kunokuba afe ukufa okunye na?

Yebo-ke, ngokuba ngalokho sengineqiniso ngakho lokuthi wathwala isiqalekiso esasiphezu kwami (a) ngoba ukufa kwesiphambano kwakuqalekisiwe nguNkulunkulu (b).

(a) Gal. 3:13 (b) Dut. 21:23.

## INDIMA YANGESONTO 16

40. Kwakuswelekile ngenxa yani ukuba uKrestu azithobise "kuze kube-sekufeni" na?

Ngokuba ngenxa yokulunga neqiniso likaNkulunkulu (a) yayingekho enye indlela yokuhlawulela izono zethu ngaphandle kokufa kweNdodana kaNkulunkulu (b).

(a) Gen. 2:17 (b) Rom. 8:3. 4; Heb. 2:14, 15.

41. Wembelwelani na?

Wembelwa ukufakaza ngalokho ukuthi wafa ngempela (a)

(a) izEnzo 13:29; Math. 27:59,60; Luka 23:53; Joh. 19:38

42. Lokhu-nakhu uKrestu wasifela, kufanele ngani ukuthi sife nathi na?

Ukufa kwethu akuyikho ukuhlawulela izono zethu (a) kodwa kungukufa kwezono kuphela nesingeniso esiya ekuphileni okuphakade (b).

(a) Marku 8:37; iHubo 49:8 (b) Fil. 1:23; Joh. 5:24; Rom. 7:24.

43. Yiluphi usizo esilutholayo futhi kuwo umhlatshelo nakukho ukufa kukaKrestu esiphambanweni na?

Ukuba ngamandla akhe umuntu wethu omdala obethelwe esiphambanweni kanye naye abulawe ambelwe (a), ukuze izinkanuko ezimbi zenyama zingabi-zisabusa phakathi kwethu (b), kepha ukuze sizinikele kuyena sibe-ngumnikelo wokubonga (c).

(a) Rom. 6:6 (b) Rom. 6:6; (c) Rom. 12:1

44. Kulandelelani ukuthi "wehlela esihogweni" na?

Ukuze ezinhluphekweni zami ezidlula konke ngibenokuqiniseka ngiziduduze ngokuphelele ukuthi iNkosi yami uJesu Krestu ingisindisile ekukhathazekeni kwesihogo nobuhlungu baso ngokukhathazeka kwakhe, izinsizi, uvalo nezinhlupho zesihogo ayehlela kukho ngokuhlupheka konke kwakhe (a), ikakhulu esiphambanweni (b).

(a) IHubo 18:5, 6; 116:3; Math. 26:38; 27:46; Heb. 5:7; (b) Is. 53:5.

## INDIMA YANGESONTO 17

45. Yiyiphi inzuzo etholakalayo ngokuvuka kukaKrestu na?

Ngokokuqala ukuthi wakunqoba ukufa ngokuvuka kwakhe ukuze asihlanganyelise ukulunga, akuzuza ngenxa yethu ngokufa kwakhe (a). Ngokwesibili siyavuswa nathi ngamandla akhe ukuba sihambe ekuphileni okusha (b). Ngokwesithathu ukuvuka kukaKrestu kuyisibambiso esiqotho kithi sokuvuka kwethu kokuthokoza (c).

(a) Rom. 4:25; I Petru 1:3; I Kor. 15:16 (b) Rom. 6:4; Kol. 3:1, 3; Ef. 2:5, 6 (c) I Kor. 15:20, 21.

## INDIMA YANGESONTO 18

*46. Uqondani ngamazwi okuthi "wenyukela ezulwini?"*

*Ukuthi uKrestu wenyuselwa ezulwini phambi kwamehlo abafundi bakhe (a), nokuthi ukhona laphaya ngenxa yethu ukuba sithole okuhle (b), aze abuye ukwahlulela abaphilayo nabafileyo (c).*

*(a)IzEnzo 1:9; Marku 16:19; Luka 24:51; (b) Heb. 9:24; 4:14; Rom. 8:34; Kol. 3:1; (c) izEnzo 1:11; Math. 24:30.*

47. Kanti uKrestu akakho kithina kuze kube-sekupheleni kwezwe njengokuthembisa kwakhe na? (a)

UKrestu ungumuntu uqobo noNkulunkulu uqobo. Ngesimo sakhe sobuntu akasekho emhlabeni (b), kodwa ngobuNkulunkulu bakhe nangobukhosi bakhe nangomusa wakhe nangoMoya wakhe angeke asasuke kithi nakanye (c).

(a) Math. 28: 20 (b) Heb. 8:4; Math. 26:11; Joh. 16:28; 17:11; izEnzo 3:21 (c) Joh. 14:18; Math. 28:20.

48. Kepha uma ubuntu bakhe bungekho yonke indawo lakukhona ubuNkulunkulu, konje lezizimo ezimbili kuKrestu azihlukaniswa yini na?

Cha, nakancane, ngokuba ubuNkulunkulu bungehanqwe ngalutho busezindaweni zonke (a); yilokho sikholwa ukuthi ubuNkulunkulu bukaKrestu buphandle kobuntu babo obathatshathwa yibo (b), kepha buphakathi kobuntu babo futhi, buhlanginiswe nabo uqobo lwabo njalo.

(a) Jer. 23:24; izEnzo 7:49 (b) Kol. 2:9; Joh. 3:13; 11:15; Math. 28:6.

49. Ukwenyukela kukaKrestu ezulwini kuyasilethela luphi usizo na?

Ngokokuqala ukuthi unguMmeli wethu ezulwini phambi kukaYise (a).

Ngokwesibili ukuthi sinenyama yethu ezulwini eyisibambiso esithembekileyo sokuba yena oyiNhloko, uyokuphakamisa thina esiyizitho zakhe, sibe-naye (b). Ngokwesithathu ukuthi uyasithumela uMoya wakhe futhi njengesibambiso (c). Ngamandla akhe siyafuna okwaphezulu lapho ekhona uKrestu ehlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, singakufuni okusemhlabeni (d).

(a) I Joh. 2:1; Rom. 8:34 (b) Joh. 14:2; 17:24; 20:17; Ef. 2:6 (c) Joh. 14:16, 16:7; izEnzo 2:33; 2 Kor. 1:22, 5:5 (d) Kol. 3:1.

## INDIMA YANGESONTO 19

50. Kwenezelwa ngani ukuthi "uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu" na?

Ngokuba uKrestu wenyukela ezulwini ukuze azibonise khona njengenhloko yabandla lakhe (a), uNkulunkulu abusayo ngayo konke (b).

(a) Ef. 1:20-23; Kol. 1:18 (b) Math. 28:18; Joh. 5:22.

51. Lenkazimulo yenhloko yethu uKrestu isinika luphi usizo na?

Ngokokuqala ukuthi athele ngoMoya wakhe oNgcwele izipho zasezulwini kithina esiyizitho zakhe (a), nokuthi futhi asigcine asivikele ezitheni zonke ngamandla akhe (b).

(a) izEnzo 2:33; Ef. 4:8 (b) iHubo 2:9; 110:1, 2; Joh. 10:28; Ef. 4:8.

52. Uyaduduzwa kanjani ngokubuya kukaKrestu ukuba athethe amacala abahleziyo nabafileyo na?

Ngiyaduduzwa ngokuthi ekudabukeni konke nasekuzingelweni konke sengilingela ngekhanda eliphakamileyo yena loKrestu njengoMahluleli ovela ezulwini (a), owaqale wazibeka phambi kokwahlulela kukaNkulunkulu ngenxa yami, wasusa kimi isiqalekiso sonke, oyokulahla izitha zakhe nezami zonke ekulahlweni okuphakade (b), kodwa oyokungamukela nabakhethiweyo bonke kuyena enjabulweni nasenkazimulweni esezulwini (c)

(a) Fil. 3:20; Luka 21:28; Rom. 8:23; Thithu 2:13; I Thes. 4:16 (b) Math. 25:41; 2 Thes. 1:6 (c) Math. 25:34; 2 Thes. 1:7.

## NGONKULUNKULU UMOYA ONGCWELE NANGOKUNGCWELISWA KWETHU

### INDIMA YANGESONTO 20

53. Ukholwani "nguMoya oNgcwele" na?

Ngokokuqala ngiyakholwa ukuthi unguNkulunkulu uqobo waphakade kanye noYise neNodana (a). Ngokwesibili ukuthi wanikelwa nakimi (b) nemisebenzi yakhe yonke yomusa ngokukholwa kweqiniso (c) angiduduze (d), ahlale kimi kuze kube-phakade (e).

(a) I Joh. 5:7; Gen. 1:2; Is. 48:16; Kor. 3:16; izEnzo 5:3,4 (b) Gal. 4:6; Math. 28:19; 2 Kor. 1:22; Ef. 1:13 (c) Gal. 3:14; I Petru 1:2; I Kor. 6:17 (d) Joh. 15:26; izEnzo 9:3 (e) Joh. 14:16; I Petru 4:14.

### INDIMA YANGESONTO 21

54. Ukholwani ngalo "ibandla likaKrestu elingcwele elisezizweni zonke" na?

Ngiyakholwa ngalo ukuthi iNdodana kaNkulunkulu (a) kuso sonke isizukulwane sesintu (b) ngoMoya wayo nangeZwi layo (c) iyazibuthela ivikele inakekele (d) ibandla elikhethelwe ukuphila okuphakade (e), ebunyeni bokukholwa kweqiniso (f), kusukela ekuqaleni komhlaba kuze kufike ekupheleni kwawo (g). Ngiyakholwa futhi ukuthi mina ngiyilunga lalo eliphilayo (h) nokuthi ngizokuba-yilo kuze kube-phakade (i).

(a) Ef. 5:26; Joh. 10:11; izEnzo 20:28; Ef. 4:11-13 (b) Gen. 26:4; isAmb. 5:9 (c) Is. 59:21; Rom. 1:16; 10:14-17; Ef. 5:26; (d) Rom. 8:29; Ef. 1:10-13); (e) Math. 16:18; Joh. 10:28-30; iHubo 129:1-5 (f) izEnzo 2:42; Ef. 4:3-5 (g) iHubo 71:17, 18; Is. 59:21; I Kor. 11:26 (h) I Joh. 3:14, 19-21; 2 Kor. 13:5; Rom. 8:10 (i) iHubo 23:6; I Kor. 1:8-9; Joh. 10:28; I Joh. 2:19; I Petru 1:5.

55. Uqondani ngokuthi uvuma "ukuhlangana kwabangcwele" na?

Ngokokuqala ukuthi abakholwayo bonke njengezitho zikaKrestu, kanyekanye nayilowo nalowo oyedwa, banenhlanganyelo neNkosi uKrestu nengcebo yakhe nezipho zakhe zonke (a). Ngokwesibili ukuthi yilowo nalowo umelwe ukwazi ukuthi kuyimfanelo yakhe ukusebenzisa izipho zakhe ngokuvuma nangokujabula kube-usizo nensindiso yezitho ezinye (b).

(a) I Joh. 1:3; Rom. 8:32; I Kor. 12:12, 13; 6:17 (b) I Kor. 12:21; 13:5; Fil. 2:4-8.

56. Ukholwani "ngokuthethelelwa kwezono" na?

Ukuthi uNkulunkulu ngenxa yokuhlawula kukaKrestu angeke afune ukuzikhumbula izono zami zonke nemvelo yami eyonakele, engilwa nayo ekuphileni kwami konke (a), kodwa ukuthi afune ukungipha ukulunga kukaKrestu ngomusa (b), ukuze ngingasoze ngahlulelwa phambi kwesihlalo sikaNkulunkulu (c).

(a) I Joh. 2:2; 1:7; 2 Kor. 5:19 (b) Rom. 7:23-25; Jer. 31:34; Mika 7:19; iHubo 103: 3, 10, 12 (c) Joh. 3:18; 5:24.

## INDIMA YANGESONTO 22

57. Iphi induduzo oyitholayo "ngokuvuka komzimba" na?

Ukuthi kungabi-mphefumulo wami wodwa oyokuphakanyiswa khonamanjalo emva kwalokhukuphila kuKrestu oyinhloko yawo (a), kodwa ukuthi nalenyama yami, ivusiwe ngamandla kaKrestu, iyobuye ihlanganiswe nomphefumulo wami, ifane nomzimba kaKrestu wenkazimulo (b).

(a) Luka 16:22; 23:43; Fil. 1:21. 23 (b) Jobe 19:25, 26; I Joh. 3:2; Fil. 3:21.

58. Wamukela induduzo yini endimeni yokuthi "ukuphila okuphakade" na?

Ukuthi ngoba sengiyezwa manje isiqalo senjabulo yaphakade enhliziyweni yami (a), ngiyokuba nensindiso ephelele emva kwalokhukuphila, iso elingayibonanga, nendlebe engayizwanga,

engavelangaenhliziyweni yomuntu, ukuba ngimdumise uNkulunkulu kulensendiso kuze kube phakade (b).

(a) 2 Kor. 5:2, 3 (b) I Kor. 2:9.

## INDIMA YANGESONTO 23

59. Pho-ke kukusizani uma ukholwa konke lokhu na?

Ukuthi ngingolungileyo kuKrestu phambi kukaNkulunkulu nendlalifa yokuphila okuphakade (a).

(a) Hab. 2:4; Rom. 1:17; Joh. 3:36.

60. Ungolungileyo Phambi kukaNkulunkulu kanjani na?

Ngokukholwa kweqiniso kuJesu Krestu kuphela (a). Lokhu kusho ukuthi nxa ngikwamukela nje ngenhliziyo ekholwayo (b), uNkulunkulu ungipha angibalele (c) ngomusa nje (d) inhlawulo epheleleyo (e) nokulunga nobungcwele bukaKrestu (f), kungangifanele impela (g), kube sengathi angizange ngibe nazo izono noma engake ngazenza, yebo, kube sengathi sengikufezile ngokwami ngokupheleleyo konke ukulalela okwasekufeziwe nguKrestu ngenxa yami (h). Unkulunkulu uyangipha lokhu konke, kanti-ke noma nokho isazelo sami singibekela icala lokuthi ngeqile kabi imiyalo yonke kaNkulunkulu, angigcinanga namunye wodwa wayo (i), ngisathanda njalo ukwenza okubi konke (k).

(a) Rom. 3:21, 22, 24; 5:1, 2; Gal. 2:16; Ef. 2:8, 9; Fil. 3:9 (b) Rom. 3:22; Joh. 3:18 (c) Rom. 4:4; 2 Kor. 5:19 (d) Rom. 3:24; Ef. 2:8 (e) I Joh. 2:2 (f) I Joh. 2:1 (g) Thithu 3:5; Dut. 9:6; Hez. 36:22 (h) 2 Kor. 5:21 (i) Rom. 3:9 (k) Rom. 7:23.

61. Usho ngani ukuthi ungolungileyo kuphela ngokukholwa na?

Angisho lokhu ngokuba ukukholwa kwami uqobo lwakho kwenza ukuba ngimthokozise uNkulunkulu ngakho, kodwa ngisho lokhu ngokuba inhlawulo nokulunga nobungcwele bukaKrestu lokhu kungukulunga kwami kuphela phambi kukaNkulunkulu (a), nokuthi ngingekwamukela ngikwenze okwami uma kungesikho ngokukholwa (b).

(a) I Kor. 1:30; 2:2 (b) 1 Joh. 5:10.

## INDIMA YANGESONTO 24

62. Pho-ke, yini ukuba imizebenzi yethu elungileyo ingakwazi ukuba-ngukulunga kwethu phambi kukaNkulunkulu, noma inxenye yokulunga na?

Kungenxa yalokhu kokuthi ukulunga okungama phambi kokwahlulela kukaNkulunkulu, kufanele ukuba kuphelele ngempela

nokuba kwanele umthetho kaNkulunkulu ngezinxenye zonke (a). Kepha ngisho yonke imisebenzi yethu elungileyo kakhulu ayiphelele kulokhu ukuphila yonke, kodwa inindiwe yizono (b).

(a) Gal. 3:10; Dut. 27:26 (b) Is. 64:6.

63. Kanti empeleni imisebenzi yethu elungileyo ayizuzi lutho na, njengokuba phela uNkulunkulu ethanda ukunika umvuzo ngayo kulempilo nakwezayo?

Lomvuzo wemizebenzi elungileyo awutholakali ngokuwusebenzela, kodwa ngomusa (a)

(a) Luka 17:10.

64. Akunjalo yini ukuthi imfundiso lena yenza abantu abanganakekeli nababi na?

Cha, ngokuba akunakwenzeka ukuba umuntu otshaliweyo kuKrestu ngokukholwa kweqiniso, angatheli izithelo zokubonga (a)

(a) Math. 7:18; Joh. 15:5.

## NGAMASAKRAMENTE

### INDIMA YANGESONTO 25

65. Njengokuba kungukukholwa kuphela okusizuzisa uKrestu nemisebenzi yakhe yonke yomusa, lokhu ukukholwa kuvelaphi na?

Ukukholwa kuvela kuMoya oNgcwele (a). Yena uyenza ukukholwa ezinhliziyweni zethu ngokushumayela ivangeli elingcwele, akaqinise lokhu ngokusebenzisa kwethu amaSakramente (b)

(a) Ef. 2:8; 6:23; Joh. 3:5; Fil. 1:29 (b) Math. 28:19; I Petru 1:22, 23.

66. AmaSakramente ayini na?

AmaSakramente ayizibonakaliso nezibambiso ezingcwele ezibonakalayo ezamiswa nguNkulunkulu, ukuba asichazele asiqinise ngazo kangcono isithembiso samavangeli, ngezikhathi zonke uma siwasebenzisa; okokuthi usipha ngomusa nje ukuthethelelwa kwezono nokuphila okuphakade ngenxa yomhlatshelo owodwa kaKrestu esiphambanweni (a).

(a) Gen. 17:11; Rom. 4:11; Dut. 30:6; Lev. 6:25; Heb. 9:7-9, 24; Hez. 20:12; Is. 6:6, 7; 54:9.

67. Konje iZwi namaSakramente kokubili kumiswa ukuba kukhombe ukukholwa kwethu kumhlatshelo owodwa laKrestu esiphambanweni, njengesisekelo esisodwa sensindiso yethu na?

Yebo impela, ngokuba uMoya oNgcwele uyasifundisa kulo ivangeli usiqinisela ngamaSakramente ukuthi insindiso yethu yonke isekwe phezu komhlatshelo owodwa kaKrestu, owenzeka esiphambanweni ngenxa yethu (a).

(a) Rom. 6:3; Gal 3:27.

68. UKrestu wamisa amaSakramente amangaki kulo iTestamente Elisha eliyisivumelwano esisha na?

Wamisa amaSakramente amabili, nanka: Umbhabhadiso ongcwele nesiDlo Esingcwele.

## NGOMBHABHADISO ONGCWELE

### INDIMA YANGESONTO 26

69. Ukhonjiswa uqiniselwe kanjani embhabhadisweni ongcwele ukuze usizakale ngomhlatshelo owodwa kaKrestu esiphambanweni na?

Kanjena kokuthi uKrestu wamisa lokhukuhlanzwa okungaphandle ngamanzi (a), wathembisa kanye nakho (b) ukuthi njengalokhu kuqinisekile ukuthi ngihlanzwe ngaphandle ngamanzi asusayo ukungcola komzimba, kuqinisekile kanjalo-ke ukuthi ngihlanjululwe ngegazi nangoMoya wakhe kukho ukungcola komphefumulo, wami, okuthi ngihlanjululwe ezonweni zami zonke (c).

(a) Math. 28:19 (b) Math. 28:19; Marku 16:16; izEnzo 2:38; Joh. 1:33; Math. 3:11; Rom. 6:3, 4 (c) I Petru 3:21; Marku 1:4; Luka 3:3.

70. Ukuhlanjululwa ngegazi nangoMoya kaKrestu kuthini na?

Kungukwamukela ukuthethelelwa kwezono kuNkulunkulu ngomusa ngenxa yegazi likaKrestu, elaphalazelwa thina nguye emhlatshelweni wakhe esiphambanweni (a). Futhi kungukwenziwa basha ngoMoya oNgcwele nokungcweliswa sibe-yizitho zomzimba kaKrestu, ukuba siqhubekele phambili ngokufelwa yizono, sihambe ekuphileni okungasoleki, simhloniphe uNkulunkulu (b).

(a) Heb. 12:24; I Petru. 1:2; isAmb. 1:5; 7:14; Zak. 13:1; Hez. 36:25 (b) Joh. 1:33; 3:5; I Kor. 6:11; 12:13; Rom. 6:4. Kol. 2:12.

71. UKrestu wasithembisa kuyiphi indawo yeZwi ukuthi njengalokhu kuqinisekile ukuthi sihlanzwe ngamanzi ombhabhadiso, kuqinisekile kanjalo-ke ukuthi uthanda ukusihlambulula ngegazi nangoMoya wakhe na?

Wakuthembisa lokhu mhla emisa umbhabhadiso okufundeka kanje: "Ngalokho hambani nenze izizwe zonke abafundi, nibabhapathize egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele". (Math. 28:19)

Wayesethi futhi uKrestu: "Okholwayo abhapathizwe, uyakusindiswa, kepha ongakholwayo uyakulahlwa" (Marku 16:16). IZwi liphinde lisho lesisithembiso, libiza umbhabhadiso ngokuthi "isigezo sokuphindukuzalwa nokuhlanjululwa kwezono" (Thithu 3:5; izEnzo 22:16).

INDIMA YANGESONTO 27

72. Konje ukuhlanjululwa okungaphandle ngamanzi kungukuhlanzwa kwezono uqobo na?

Cha (a), ngokuba kuphela igazi likaJesu Krestu noMoya oNgcwele kuyasihlanza ezonweni zethu zonke (b).

(a) Math. 3:11; I Petru 3:21; Ef. 5:26 (b) I Joh. 1:7; I Kor. 6:11.

73. Pho-ke, uma kunjalo kungenxa yani ukuthi uMoya oNgcwele abize umbhabhadiso ngokuthi isegezo sokuphindukuzalwa nokuhlanjululwa kwezono na?

UNkulunkulu akakusho lokhu ngaphandle kwezizathu ezinkulu. Ngoba ukusho ngokungasifundisi nje ukuthi njengalokhu ukungcola komzimba kuyasuswa ngamanzi, kanjalo-ke izono zethu nazo ziyasuswa ngegazi nangoMoya kaJesu Krestu (a); kodwa kakhulukazi ngoba efuna ukusiqinisa ngalesisibambiso nangalesisibonakaliso sakhe ukuthi njengalokhu kuqinisekile ukuthi amanzi ahlambulule umzimba ngaphandle, kuqinisekile, kanjalo-ke ukuthi sesihlanjululwe impela ezonweni zethu.(b)

(a) IsAmb. 1:5; 7:14; I Kor. 6:11 (b) Marku 16:16; Gal. 3:27.

74. Kufanele yini ukuthi nezingane ezincane zibhabhadiswe na?

Yebo, ngoba njengalokhu zihlanganiswe kanye nabakhulileyo kuso isivumelwano sikaNkulunkulu nakulo ibandla lakhe (a), nanjengalokhu zithembisiwe nazo kanye nabakhulileyo insindiso yesono ngegazi likaKrestu (b) noMoya oNgcwele owenza ukukholwa (c), kanjalo-ke zifanele zamukelwe ebandleni likaKrestu ngombhabhadiso oyisibonakaliso sesivumelwano, zahlukaniswe ngawo kuzo izingane zabangakholwayo (d). Lokhu sekwenzeka kuso isiVumelwano Esidala – esiliTestamente Elidala – ngokusoka (e), okwamiswa esikhundleni sakho umbhabhadiso esiVumelwaneni Esisha (f).

(a) Gen. 17:7 (b) Math. 19:14 (c) Luka 1:15; iHubo 22:11; Is. 44:1-3; iZenzo 2:39; (d) iZenzo 10:47 (e) Gen. 17:14 (f) Kol.2:11-13.

## NGESIDLO ESINGCWELE SENKOSI YETHU

INDIMA YANGESONTO 28

75. Ukhonjiswa uqiniselwe kanjani esiDlweni Esingcwele ukuthi

unenhlanganyelo nomhlatshelo owodwa kaKrestu, owafezwa esiphambanweni, nemisebenzi yakhe yonke yomusa na?

Kanjena kokuthi uKrestu wangiyala nabakholwayo bonke ukudla isinkwa lesi esihleshuliweyo nokuphuza esitsheni lesi, simkhumbule, ethembisa kanye nakho (a), ngokokuqala, ukuthi njengalokhu kuqinisekile ukuthi ngibone ngamehlo ami ukuthi isinkwa seNkosi sihleshulelwe mina, ngiphiwe isitsha, kuqinisekile kanjalo-ke ukuthi umzimba wakhe wanikelwa wahleshulwa ngenxa yami esiphambanweni, negazi lakhe lachithwa ngenxa yami.

Wathembisa ngokwesibili ukuthi njengalokhu kuqinisekile ukuthi ngamukela esandleni sesikhonzi isinkwa nesitsha seNkosi – okuyizibonakaliso ezithembekileyo zomzimba negazi likaKrestu – ngikuzwa lokhu ngolimi lwami, kuqinisekile kanjalo-ke ukuthi yena uqobo lwakhe udlisa aphuzise umphefumulo wami ngomzimba wakhe obethelweyo nangegazi lakhe elichithiweyo ukuze ngibe nokuphila okuphakade.

(a) Math. 26:26-28; Marku 14:22-24; Luka 22:19, 20; I Kor. 10:16, 17; 11:23-25; 12:13.

76. Kuyini lokhu ukudla umzimba kaKrestu obethelweyo nokuphuza igazi lakhe elichithiweyo na?

Akusikho kuphela ukwamukela yonke inhlupheko nokufa kukaKrestu ngezinhliziyo ezikholwayo ukuze siphiwe ngakho ukuthethelelwa kwezono nokuphila okuphakade (a), kepha futhi kungukuhlanganiswa ngokuqhubekela phambili nomzimba ongcwele wakhe (b) ngoMoya oNgcwele owakhile kuKrestu nakithi ukuze sibeyinyama yenyama kaKrestu nethambo lamathambo akhe (c), noma yena esezulwini (d), thina sisemhlabeni, nokuze siphile sibuswe phakade ngoMoya munye, njengokuba nezitho zomzimba munye ziphila zibuswa ngumphefumulo munye (e).

(a) Joh. 6:35. 40, 47, 48, 50, 51, 53 (b) Joh. 6:55, 56 (c) Ef. 5:29, 30; 3:16; I Kor. 6:15; I Joh. 3:24; 4:15 (d) Kol. 3:1; izEnzo 3:21; I Kor. 11:26 (e) Joh. 6:57; 15:1-6; Ef. 4:15, 16.

77. UKrestu wathembisa kuyiphi indawo yeZwi ukuthi njengalokhu kuqinisekile ukuthi abakholwayo bedla isinkwa lesi esihleshuliweyo baphuza esitsheni lesi, kuqinisekile kanjalo-ke ukuthi uthanda ukubadlisa nokubaphuzisa umzimba negazi lakhe na?

Wakuthembisa lokhu mhla emisa isiDlo okufundeka kanje: (a) "INkosi uJesu ngalobobusuku akhashelwa ngabo wathabatha isinkwa, wabonga, wasihlephula, wathi: Lokhu kungumzimba wami ohleshulelwa nina; lokhu kwenzeni ukuba ningikhumbule. Kanjalo wathabatha nesitsha emva kokudla kwakusihlwa, wathi: lesisitsha siyisivumelwano

esisha egazini lami; lokhu kwenzeni ngezikhathi zonke enisiphuza ngazo ukuba ningikhumbule. Ngokuba njalo, nxa nidla lesisinkwa, niphuze lesisitsha, nimemezela ukufa kweNkosi ize ifike." (I Kor. 11:23-26).

UPawulu ongcwele uphinde asho lesisithembiso ethi: "Isitsha sesibusiso esisibusisayo asiyiyo inhlanganyelo yegazi likaKrestu na? Isinkwa esisihlephulayo asiyiyo inhlanganyelo yomzimba kaKrestu na? Ngokuba isinkwa sisinye, thina esibaningi singumzimba munye, lokhu thina sonke sihlanganyela lesosinkwa sinye" (I Kor. 10: 16-17).

(a) Math. 26:26-28; Marku 14:22-24; Luka 22:19, 20.

## INDIMA YANGESONTO 29

78. Konje isinkwa siyaphenduka sibe-ngumzimba uqobo kaKrestu, newayini liyaphenduka ini libe-yigazi uqobo na?

Cha, akuphenduki (a) kodwa njengokuba amanzi ombhabhadiso engaphenduki abe-yigazi likaKrestu noma abe-uhuhlanjululwa kwezono uqobo – eba-yisibonakaliso sakho nesibambiso sakho kuphela (b) kanjalo nesinkwa sesiDlo asiphenduki sibe-ngumzimba kaKrestu uqobo (c), noma sibiza ngomthetho wamaSakramente (d) isinkwa ngokuthi umzimba kaKrestu.

(a) Math. 26:29 (b) Ef. 5:26, Thithu 3:5 (c) I Kor. 10:16; 11:26 (d) Gen. 17:10, 11; Eks. 12:11, 13; 13:9; I Petru 3:21; I Kor. 10:3, 4.

79. Pho-ke, uma kunjalo, kungenxa yani ukuthi uKrestu abize isinkwa ngokuthi umzimba wakhe, nesitsha ngokuthi igazi lakhe noma, isivumelwano esisha egazini lakhe, ebiza lokhu noPawulu ngokuthi inhlanganyelo yomzimba negazi likaKrestu na?

UKrestu akakusho lokhu ngaphandle kwezizathu ezinkulu. Ngoba ukusho ngokungasifundisi nje ukuthi njengalokhu isinkwa newayini kondla lokhukuphila, kanjalo-ke nomzimba wakhe obethelweyo negazi lakhe elichithiweyo kungukudla nokuphuza okuqotho okondla imiphefumulo yethu ukuze sibe nokuphila okuphakade (a); futhi kakhulukazi ufuna ukusiqinisela ngalezizibonakaliso nangalezizibambiso ukuthi njengalokhu kuqinisekile ukuba samukele lezizibonakaliso ezingcwele ngemilomo yethu, simkhumbule (b), kuqinisekile kanjalo-ke ukuthi singabahlanganyeli nomzimba wakhe weqiniso negazi lakhe liqiniso ngamandla kaMoya oNgcwele, nokuthi konke ukuhlupheka nokulalela kungokwethu kusengathi yithina uqobo lwethu esesahlupheka konke, esahlawulela izono zethu kuNkulunkulu.

(a) Joh. 6:55 (b) I Kor. 10:16

80. Yimuphi umahluko okhona phakathi kwesiDlo seNkosi neMisa lamaRoma na?

IsiDlo seNkosi sishumayela kithi ukuthi sinokuthethelelwa okupheleleyo kwezono zethu zonke ngomhlatshelo owodwa kaJesu Krestu, owafezwa nguye kanye esiphambanweni (a) nokuthi sitshalwa ngoMoya oNgcwele kuKrestu (b). Sishunyayezwa futhi ukuthi uKrestu akasekho emhlabeni ngobuntu bakhe, kodwa usezulwini ehlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, uYise (c), la ethanda ukuba sikhuleke-ke khona kuye (d). Kodwa-ke iMisa liyafundisa ukuthi abaphilayo nabafileyo abanakho ukuthethelelwa kwezono ngokuhlupheka kukaKrestu, uma uKrestu enganikelwa futhi izinsuku zonke ngenxa yabo ngabapristi beMisa, nokuthi uKrestu ukhona ufanele ukukhulekelwa kukho uqobo. Kusobala kanjena ukuthi iMisa lingukuphika nje kuphela komhlatshelo owodwa kaKrestu nakho ukuhlupheka kwakhe. Liyinkonzo eqalekisiweyo yezithixo futhi(e).

(a) Heb. 10:10, 12; 7:26, 27; 9:12, 15; Joh. 19:30; Math. 26:28; Luka 22:19 (b) I Kor. 10:16, 17; 6:17; (c) Joh. 20:17; Kol. 3:1; Heb. 1:3; 8:1 (d) Math. 6:20, 21; Joh. 4:21; Luka 24:52; izEnzo 7:55; Kol. 3:1; Fil. 3:20; I Thes. 1:10 (e) Heb. 9:26; 10:12, 14.

81. IsiDlo seNkosi samiselwa obani na?

Samiselwa labo abazisolayo ngenxa yezono zabo kodwa nokho bethemba ukuthi zibathethelelwe ngenxa kaKrestu nokuthi nobuthakathaka obusaseleyo sekusibekelwe ngokuhlupheka nangokufa kwakhe; bona labo abalangazelelayo belokhu beqinisa ukukholwa kwabo, belungisa ukuphila kwabo ngokuqhubekela phambili. Kodwa abazenzisi nabangaphendukeli kuNkulunkulu ngezinhliziyo eziqotho, bona bazidlela baziphuzele icala (a).

(a) I Kor. 11:28; 10:19-22.

82. Bangavunyelwa yini ukuba beze esiDlweni seNkosi nalabo abazibonakalisayo ngokuvuma nangokuphila kwabo njengabangakholwayo nababi na?

Cha, uma ibandla livumela abanjalo, lingcolisa isivumelwano sikaNkulunkulu, kuvuswe ulaka lwakhe phezu kwebandla lonke (a). Yilokho ibandla likaKrestu lifanele ngomyalo kaKrestu nabaphostoli bakhe ukubavalela ngaphandle abanjalo ngezihluthulelo zombuso wezulu,baze babonakalise ukuthi balungise ukuphila kwabo.

(a) I Kor. 11:20, 34; Is. 1:11; 66:3; Jer. 7:21; iHubo 50:16.

## INDIMA YANGESONTO 31

83. Izihluthulelo zombuso wezulu ziyini na?

Zingukushumayela ivangeli elingcwele, nesijeziso sobuKrestu noma ukuvalelwa ngaphandle kwebandla likaKrestu. Ngalezizenzo ezimbili kuvulelwa umbuso wezulu abakholwayo, kuvalelwa abangakholwayo.

84. Umbuso wesulu uvalwe kanjani ngokushumayela ivangeli elingcwele na?

Uvulwa ngomyalo kaKrestu nxa kushunyayelwa kufakazwe obala kwabakholwayo bonke kanyekanye nakuye yilowo nalowo oyedwa zwi, ukuthi izono zabo zonke sezithethelelwe ngempela nguNkulunkulu ngenxa kaKrestu, lapho besamukela noma nini isithembiso sevangeli ngokukholwa kweqiniso. Uvalwa umbuso wezulu nxa kushunyayelwa kufakazwe kwabangakholwayo bonke nakwabangaphenduki ngobuqotho, ukuthi ulaka lukaNkulunkulu nokulahlwa okuphakade kuphezu kwabo, uma bengaphenduki (a). Ngalobubufakazi uNkulunkulu uyokwahlulela kulokhukuphila nakukho okuzayo.

(a) Joh. 20:21-23; Math. 16:19.

85. Umbuso wezulu uvalwa uvulwe kanjani ngesijeziso sobuKrestu na?

Uvalwa ngomyalo kaKrestu, uma labo abaphansi kwegama lobuKrestu, beveza imfundiso noma impilo engahambisani nobuKrestu,uma sebekhuzwe kaningi njengabazalwane, kepha bengathandi ukuhlukana nokuduka kwabo nempilo yabo yehlazo, babuye bamangalelwe ebandleni noma kubo abagunyaziwe kulokhu yibandla; uma bengasinaki isixwayiso, banqatshelwe amaSakramente yibo labo, bavalelwe ngaphandle kwebandla likaKrestu, kanjalo bavalelwe ngaphandle kombuso kaKrestu nguNkulunkulu uqobo lwakhe. Bavulelwa futhi umbuso wezulu nxa bethembisa bebonakalise inguquko eqotho, ukuze baphinde bamukelwe babe-amalungu kaKrestu nawebandla lakhe (a).

(a) Math. 18:15-17; I Kor. 5:4, 5, 11; 2 Kor. 2:6-8.

# ISIGABA SESITHATHU NGOKUBONGA

## INDIMA YANGESONTO 32

86. Njengokuba sesisindiswe nguKrestu osizini lwethu ngomusa nje, singafanele lokhu, sekungenxa yani ukuba kudingeke sisebenze imisebenzi elungileyo na?

Kudingeka ukuba sisebenze imisebenzi elungileyo ngokuba uKrestu, ngemva kokuba esithengile wasikhulula ngegazi lakhe, wabuye wasenza saba-basha ngoMoya wakhe oNgcwele sibe-ngumfanekiso wakhe ukuze ukuphila kwethu konke kumbonge uNkulunkulu ngemisebensi yakhe yonke yomusa (a) simdumise (b). Futhi ukuze yilowo nalowo ngokwakhe aqinisekelwe yizithelo ngokukholwa kwakhe (c). Ekugcineni ukuze nomakhelwane bethu bazuzelwe uKrestu ukuhamba kwethu okunoNkulunkulu (d).

(a) Rom. 6:13; 12:1, 2; I Petru 2:5, 9; I Kor. 6:20 (b) Math. 5:16; I Petru 2:12 (c) 2 Petru 1:10; Math. 7:17; Gal. 5:6, 22 (d) I Petru 3:1, 2; Rom. 14:19.

87. Kungenzeke yini ukuthi basindiswe labo abangaphendukeli kuNkulunkulu abaphikelelayo empilweni yabo engaphandle kukaNkulunkulu engambongi na?

Cha ngeke nakanye, ngokuba umBhalo uthi nazifebe, nabakhonza izithombe, naziphingi, namasela, nabahahayo, nazidakwa,nazithuki, nabaphangi, nabanjalo abayikulidla ifa lombuso kaNkulunkulu. (a)

(a) I Kor. 6:9, 10; Ef. 5:5, 6; I Joh. 3:14

## INDIMA YANGESONTO 33

88. Ukuphenduka okuqotho komuntu kunezigaba ezingaki na?

Kunezigaba ezimbili: ukufelwa ngumuntu omdala nokuvuka komusha (a).

(a) Rom. 6:1, 4-6; Ef. 4:22-24; Kol. 3:5,6,8-10; I Kor. 5:7; 2 Kor. 7:10.

89. Ukufa komuntu omdala kuyini na?

Kungukudabuka kwenhliziyo kokuthi simthukuthelise uNkulunkulu ngezono zethu, ukuze sizizonde sizibalekele ngokuqhubekela phambili (a).

(a) Rom. 8:3; Joweli 2:13. Hos. 6:1.

90. Ukuvuka komuntu omusha kuyini na?

Kuyinjabulo yenhliziyo kuNkulunkulu ngoKrestu (a), nesifiso nothando lokuphila ngentando kaNkulunkulu kuyo yonke imisebenzi elungileyo (b).

(a) Rom. 5:1; 14:17; Is. 57:15 (b) Rom. 6:10, 11; Gal. 2:20.

91. Manje-ke imisebenzi elungileyo iyini na?

Iyileyo kuphela edalekayo ngokukholwa kwempela (a) maqondana nomthetho kaNkulunkulu (b), nedumisa igama lakhe (c), kodwa hayi

leyo emiyo phezu kwemicabango yethu noma phezu kwezimiso zabantu nje (d).

(a) Rom. 14:23 (b) Lev. 18:4; I Sam. 15:22; Ef. 2:10 (c) I Kor. 10:31 (d) Hez. 20:18, 19; Is. 29:13; Math. 15:7-9.

## NGOMTHETHO

### INDIMA YANGESONTO 34

92. Umthetho kaNkulunkulu uthini na?

UNkulunkulu wakhuluma onke lamazwi wathi (Eks. 20:1-7; Dut. 5:6-21): *"NginguJehova uNkulunkulu wakho owakukhipha ezweni laseGibithe, indlu yobugqila.*

Umyalo wokuqala

*Ungabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwami.*

Umyalo wesibili

*Ungazenzeli izithombe ezibaziweyo, namfanekiso wokusezulwini ngaphezulu, nowokusemhlabeni phansi, nowokusemanzini phansi komhlaba; ungazikhothameli, ungazikhonzi, ngokuba mina-Jehova uNkulunkulu wakho nginguNkulunkulu onomhawu, ngihambela ububi bawoyise kubantwana kuso isizukulwane sesithathu nesesine sabangizondayo,kepha ngibenzela umusa abayizinkulungwane abangithandayo, bagcine imiyalelo yami.*

Umyalo wesithathu

*Ungaliphathi ngeze igama likaJehova uNkulunkulu wakho, ngokuba uJehova akayikumyeka oliphatha ngeze igama lakhe.*

Umyalo wesine

*Khumbula usuku lwesabatha, ulungcwelise. Izinsuku eziyisithupha uyakusebenza, uwenze wonke umsebenzi wakho; kepha usuku lwesikhombisa luyisabatha likaJehova uNkulunkulu wakho; awuyikusebenza-msebenzi ngalo, wena nendodana yakho, nendodakazi yakho, nenceku yakho, nencekukazi yakho, nezinkomo zakho, nomfokazi osemzini wakho; ngokuba ngezinsuku eziyisithupha uJehova wenza izulu nomhlaba, nolwandle, nakho konke okukukho, waphumula ngosuku lwesikhombisa; ngalokho uJehova walubusisa usuku lwesabatha, walungcwelisa.*

Umyalo wesihlanu

*Yazisa uyihlo nonyoko, ukuze izinsuku zakho zibe zinde ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona.*

Umyalo wesithupha

*Ungabulali.*

Umyalo wesikhombisa

*Ungaphingi.*

Umyalo wesishiyagalombili

*Ungebi.*

Umyalo wesishiyagalolunye

*Ungafakazi amanga ngomakhelwane wakho.*

Umyalo weshumi

*Ungafisi indlu yomakhelwane wakho; ungafisi umfazi womakhelwane wakho, nenceku yakhe, nencekukazi yakhe, nenkabi yakhe, nembongolo yakhe, nokunye okomakhelwane wakho.*

93. Lemiyalo eyishumi ihlukaniswa kanjani na?

Ihlukaniswa ngezibhebhe ezimbili (a); esokuqala siyasifundisa ukuthi sifanele sihambe kanjani maqondana noNkulunkulu; esesibili siyasifundisa izimfanelo zethu maqondana nomakhelwane wethu (b).

(a) Dut. 4:13; Eks. 34:28; Dut. 10:3,4 (b) Math. 22:37-40.

94. UNkulunkulu uyalani emyalweni wokuqala na?

Uyangiyala ukuba njengalokhu ithandeka kimi insindiso yokuphila kwami, ngigweme ngibalekele kanjalo-ke konke ukukhonza izithombe(a) nobuthakathi nobungoma nokukholwa okukhohlisayo (b) nokukhothamela abangcwele nezidalwa ezinye (c). Uyangiyala futhi ukuba ngimazi kahle uNkulunkulu oyedwa weqiniso (d), ngimethembe yena kuphela (e), ngithobele yena kuphela (f) kuyo intobeko yonke (g) nakuso isineke sonke, ngilindele kuye kuphela konke okuhle (h), ngimthande (i), ngimesabe (k), ngimdumise (l) kangako ngenhliziyo yami yonke ukuba ngifulathele ngilahle zonke izidalwa kunokuba ngenze nalunye utho oluncane oluphambene nentando yakhe (m)

(a) I Joh. 5:21; I Kor. 6:10; 10:7, 14 (b) Lev. 19:31; Dut. 18:9, 10 (c) Math. 4:10; isAmb. 19:10; 22:8, 9 (d) Joh. 17:3 (e) Jer. 17:5,7 (f) I Petru 5:5 (g) Heb. 10:36; Kol. 1:11; Rom. 5:3,4; I Kor. 10:10; Fil. 2:14; iHubo 104:27; Is. 45:7; Jak. 1:17 (i) Dut. 6:5; Math. 22:37 (k) Dut. 6:2; iHubo 111:10; izAga 1:7; 9:10; Math. 10:28 (l) Math. 4:10; Dut. 10:20 (m) Math. 5:29; 10:37; izEnzo 5:29.

95. Ukukhonza izithombe kuyini na?

Ukukhonza izithombe kungukuqamba noma ukuphatha utho umuntu akholwa yikho, esikhundleni noma eceleni kukaNkulunkulu oyedwa weqiniso ozambulile eZwini lakhe (a).

(a) Ef. 5:5; I Kron. 16:26; Fil. 3:19; Gal. 4:8; Ef. 2:12; I Joh. 2:23; 2 Joh. 9; Joh. 5:23.

## INDIMA YANGESONTO 35

96. UNkulunkulu uyalani emyalweni wesibili na?

Ukuba singafanekisi uNkulunkulu ngezithombe nakanjani (a), singamkhonzi ngenye indlela ngaphandle kwalokhu okwalayezwa nguye eZwini lakhe (b).

(a) Is. 40:18, 19, 25; Dut. 4:15, 16; Rom. 1:23; izEnzo 17:29 (b) I Sam. 15:23; Dut. 12:30; Math. 15:9.

97. Kanti nakanjani asivunyelwe ukwenza izithombe na?

Akunakwenzeka ngempela ukuba kufanekiswe uNkulunkulu ngesithombe, akuvunyelwe futhi lokhu (a). Kanti noma evumela uNkulunkulu zifanekiswe izidalwa, uyakunqabela nokho ukwenza noma ukuphatha imifanekiso yazo ukuze zikhothamelwe ngayo noma akhonzwe uNkulunkulu ngayo imifanekiso (b).

(a) Is. 40:25 (b) Eks. 34:17; 23:24; 34:13; Num. 33:52.

98. Pho-ke, akuhle yini ukuvumela izithombe emasontweni ukuba zibe-yizincwadi zabangafundileyo na?

Cha, ngoba masingazishayi abahlakaniphile kunoNkulunkulu, ongafuni yena ukuba kufundiswe amaKrestu akhe ngezithombe eziyizimungulu (a), kodwa ngentshumayelo ephilayo yeZwi lakhe kuphela (b).

(a) Jer. 10:8; Hab. 2:18, 19 (b) Rom. 10:14,15,17; 2 Petru 1:19; 2 Thim. 3:16, 17.

## INDIMA YANGESONTO 36

99. Umyalo wesithathu ufunani na?

Ukuba singahlambalazi singaphathi ngeze igama likaNkulunkulu kungabi-ngokwethuka (a) noma ngesifungo samanga kuphela (b), kodwa nangokufunga okungaswelekile (c). Kulomyalo ufuna futhi ukuba singahlangani nezono ezesabekayo ezinjalo ngokuthula kwethu noma ngokuvumela kwethu (d). Kafushane ukuba siphathe igama elingcwele likaNkulunkulu ngokwesaba nangenhlonipho kuphela (e), ukuze avunywe (f) abizwe kahle yithi (g), adunyiswe emazwini ethu nasemisebenzini yethu yonke (h).

(a) Lev. 24:15;16 (b) Lev. 19:12 (c) Math. 5:37; Jak. 5:12 (d) Lev. 5:1; izAga 29:24 (e) Jer. 4:2; Is. 45:23 (f) Math. 10:32, Rom. 10:9, 10 (g) iHubo 50:15; I Thim. 2:8 (h) Kol. 3:17; Rom. 2:24; I Thim. 6:1.

100. Kambe kodwa ukuhlambalaza igama likaNkulunkulu ngokufunga nangokwethuka ngeze, kuyisono yini esikhulu esingaka,

ukuba ulaka lwakhe luvuswe naphezu kwalabo abangazami ngamandla abo onke ukuvimbela nokunqabela lokhu na?

Yebo, kunjalo impela (a); ngokuba asikho esikhulu esivusa ulaka lukaNkulunkulu kunokuhlambalaza igama lakhe. Ngenxa yalokho wayala ukuba lesisono sijeziswe ngokufa (b).

(a) izAga 29:24; Lev. 5:1 (b) Lev. 24:16.

## INDIMA YANGESONTO 37

101. Kodwa singafunga nokho ngokukholwa isifungo ngegama likaNkulunkulu na?

Yebo, nxa umbuso noma inswelakalo ikufuna ukufunga, ukuze kuqiniseke ukuthembeka neqiniso ngakho, kube-yinkazimulo kaNkulunkulu nosizo lomakhelwane; ngokuba ukufunga okunjalo kumiswe eZwini likaNkulunkulu (a); ngakho kwasetshenziswa kahle ngabangcwele eTestamenteni Elidala nElisha (b).

(a) Dut. 6:13; 10:20; Is. 48:1; Heb. 6:16 (b) Gen. 21:24; 31:53; Josh. 9:15; I Sam. 24:23; 2 Sam. 3:34; I Amakhos. 1:29; Rom. 1:9; 9:1; 2 Kor. 1:23.

102. Kuvunyelwe ukufunga kwabangcwele noma kuzidalwa ezinye na?

Cha, ngokuba ukufunga isifungo esilungile kungukumbiza uNkulunkulu kokuthi yena, owazi yedwa izinhliziyo, afakazele iqiniso, angijezise uma ngifunge amanga (a); lenhlonipho ayifanele nasiphi isidalwa (b).

(a) 2 Kor. 1:23; Rom. 9:1 (b) Math. 5:34-36; Jak. 5:12.

## INDIMA YANGESONTO 38

103. UNkulunkulu uyalani emyalweni wesine na?

Ngokokuqala ukuthi kugcinwe ukushunyayelwa emabandleni noma isikhundla sokushumayela nezikole zawo (a); nokuthi ngikhuthale ukuza ebandleni likaNkulunkulu, kakhulukazi ngesabatha – okukuthi usuku lokuphumula – (b) ukuze ngizwe iZwi likaNkulunkulu (c), ngisebenzise amaSakramente (d), ngimbize obala uNkulunkulu uJehova (e), nginikele abampofu izipho zothando lukaKrestu (f). Uyala ngokwesibili ukuthi nginqamule izenzo zami izimbi izinsuku zonke zokuphila kwami, ngizinikele kuNkulunkulu ukuze asebenze kimi ngoMoya wakhe, kanjalo ngiqale lapha kulokhukuphila isabatha laphakade (g).

(a) Thithu 1:5; 2 Thim. 3:14; I Kor. 9:13, 14; 2 thim. 2:2; 3:15 (b) iHubo 40:10,11; 68:27; izEnzo 2:42 (c) I Thim. 4:13; I Kor. 14:29 (d) I Kor. 11:33 (e) I Thim. 2:1; I Kor. 14:16 (f) I Kor. 16:2 (g) Is. 66:23.

## INDIMA YANGESONTO 39

104. UNkulunkulu ufunani emyalweni wesihlanu na?

Ukuba ngibahloniphe ngibathande ngokuthembeka konke ubaba nomame nabo bonke abamisiwe phezu kwami, ngithobele imilayo yabo emihle nezijeziso zabo ngokulalela okufanele (a), ngibekezele futhi ubuthakathaka nokungapheleli kwabo (b), ngokuba kuthandeka kuNkulunkulu ukuba asibuse ngezandla zabo (c).

(a) Ef. 6:1,2, 5; Kol. 3:18, 20,22; Ef. 5:22; izAga 1:8; 4:1; 15:20; 20:20; Eks. 21:17; Rom. 13:1 (b) izAga 23:22; Gen. 9:24; I Petru 2:18 (c) Ef. 6:4. 9; Kol. 3:20; Rom. 13:2, 3; Math. 22:21.

## INDIMA YANGESONTO 40

105. UNkulunkulu ufunani emyalweni wesithupha na?

Ukuba ngingahlazisi, ngingazondi, ngingalimazi, ngingabulali umakhelwane wami, noma ngokwami noma ngabanye, ngemicabango nangamazwi nangokukhomba okubi nakakhulu ngezenzo (a), kodwa ukuba ngilahle isifiso sonke sempindiselo (b), futhi ngingazilimazi mina noma ngingaziphonsi engozini ngamabomu (c). Kungenxa yalokho ukuba umbuso uphathe inkemba yokuvimbela ukubulala (d).

(a) Math. 5:21, 22; 26:52; Gen. 9:6 (b) Ef. 4:26; Rom. 12:19; Math. 5:25; 18:35 (c) Rom. 13:14; Kol. 2:23; Math. 4:7 (d) Gen.9:6; Eks. 21:14; Math. 26:52; Rom. 13:4.

106. Kungathi nokho lomyalo ukhuluma ngokubulala kuphela?

Ngokokuqala ngokwala ukubulala uNkulunkulu usifundisa ukuthi uyawuzonda umthombo wokubulala njengomona (a) nenzondo (b) nolaka (c) nesifiso sempindiselo, akubale lokhu konke njengokubula la ngamabomu (d).

(a)IzAga 14:30; Rom. 1:29 (b) I Joh. 2:11 (c) Jak. 1:20; Gal. 5:19-21 (d) I Joh. 3:15.

107. Kwanele yini, uma singabulali umakhelwane wethu, njengalokhu sekushiwo ngaphambili na?

Cha, ngokuba nxa uNkulunkulu enqaba umona nenzondo nolaka, uyala ukuthi sithande umakhelwane wethu njengalokhu sizithanda thina (a), sibonakalise isineke noxolo nobunene nobubele nomusa wonke maqondana naye (b), sivimbele ngamandla ethu onke isikhubazo sakhe (c), senze okuhle nakuzo izitha zethu (d).

(a) Math. 22:39; 7:12; Rom. 12:10 (b) Ef. 4:2; Gal. 6:1, 2; Math. 5:5; Rom. 12:18; Luka 6:36; Math. 5:7; I Petru 3:8; Kol. 3:12 (c) Eks. 23:5 (d) Math. 5:44, 45; Rom. 12:20.

## INDIMA YANGESONTO 41

108. Umyalo wesikhombisa usifundisani na?

Uyasifundisa ukuthi ukungcola konke kuqalekisiwe nguNkulunkulu (a), nokuthi sifanele ngakho sibe-yizitha zakho ngenhliziyo (b), siphile kamhlophe sizithibe (c), noma siganile noma singaganile (d).

(a) Lev. 18:28 (b)Juda 23 (c) I Thes. 4:3-5 (d) Heb. 13:4; I Kor. 7:7.

109. Kulomyalo uNkulunkulu akanqabi yini okungaphezu kokuphinga namahlazo anjalo na?

Ngoba imizimba yethu nemiphefumulo yethu ingamathempeli kaMoya oNgcwele, uthanda sigcine kokubi kucwengekile kungcwele. Ngalokho uyanqaba zonke izenzo ezingcolileyo nokukhomba okubi namazwi(a) nemicabango nezinkanuko (b) nakho konke okunjalo, abanokukhangwa abantu yikho (c).

(a) Ef. 5:3, 4; I Kor. 6:18, 19 (b) Math. 5:27, 28 (c) Ef. 5:18; I Kor. 15:33.

## INDIMA YANGESONTO 42

110. UNkulunkulu unqabani emyalweni wesishiyagalombili na?

Akusikho kuphela ukuntshontsha (a) nokuphanga (b), okujeziswa ngumbuso, akunqabayo uNkulunkulu; kodwa yena ubiza njengokweba nezenzo zonke ezimbi namacebo anobuqili, esiqonda ngawo ukuthola impahla yomakhelwane wethu (c) ngesidlakadla noma ngesembeso sokulunga, njengangesilinganiso esingalungile, nangesigamu esifushane, nangesitsha esinganele nangempahla embi kuwo umsebenzi (d), nangemali yokukhohlisa, nangenzalo enkulu(e), noma iyiphi into enqatshwe nguNkulunkulu; futhi ubuqonqela bonke (f), nakho konke ukuphatha kabi izipho zikaNkulunkulu nokuzihlaphaza (g).

(a) I Kor. 6:10 (b) I Kor. 5:10; Is. 33:1 (c) Luka 3:14; I Thes. 4:6 (d) izAga 11:1; 16:11; Hez. 45:9, 10; Dut. 25:13 (e) iHubo 15:5; Luka 6:35 (f) I Kor. 6:10 (g) izAga 23:20, 21; 21:20.

111. Kepha-ke uNkulunkulu uyakuyalani kulomyalo na?

Ukuthi ngiqhubekise usizo lomakhelwane wami, lapha ngingakwenza khona, ngivunyelwe lokhu; ngiphathe kanjalo, njengokuba begithanda ukuphathwa (a); futhi ukuthi ngisebenze kahle ukuze ngisize abantu abampofu (b).

(a) Math. 7:12 (b) Ef. 4:28.

## INDIMA YANGESONTO 43

112. Umyalo wesishiyagalolunye ufunani na?

Ukuba ngingafakazi amanga nangobani (a), ngingaphendukezeli amazwi nakabani (b), nginganyevuzi, ngingahlambalazi (c), ngingahluleli noma ngingalethi phambi komahluleli umuntu ngokungacabangi, engingamzwanga (d), kodwa ukuba ngizile onke amanga nenkhohliso njengemisebenzi kaSathane uqobo lwakhe (e), uma ngingafuni ukuthwala ulaka olunzima lukaNkulunkulu (f). Kanjalo futhi ukuba ngithande iqiniso phambi komahluleli nakuyo yonke enye indawo, ngilikhulume, ngilivume ngesiminya (g), futhi ngikhulumele, ngiqhubele udumo negama elihle lomakhelwane wami ngamandla ami onke (h).

(a) izAga 19:5, 9; 21:28 (b) iHubo 15:3; 50:19, 20 (c) Rom. 1:30 (d) Math. 7:1; Luka 6:37 (e) Joh. 8:44 (f) izAga 12:22; 13:5 (g) I Kor. 13:6; Ef. 4:25 (h) I Petru 4:8.

## INDIMA YANGESONTO 44

113. Umyalo weshumi ufunani kithina na?

Ukuba kungeke kusuke ezinhliziyweni zethu nehhuhha elincane noma nomcabango omncane ophambene nomyalo owodwa kaNkulunkulu, kodwa ukuba sibe-yizitha zezono zonke njalo ngenhliziyo yonke, sithande ukwenza ukulunga konke (a).

(a) Rom. 7:7

114. Kepha abaphendukele kuNkulunkulu banokuyigcina yini lemiyalo ngokupheleleyo na?

Cha, bangeke, ngokuba nabangcwele kakhulu basaqala nje ukulalela lapha emhlabeni, (a), kodwa-ke kanjena ukuze sebeqale ngokuzinqumela ngeziminya ukuphila, hhayi ngemiyalo eminye kuphela, kodwa ngayo yonke imiyalo kaNkulunkulu ngokwempela (b).

(a) I Joh. 1:8; Rom. 7:14, 15; Shum. 7:20; I Kor. 13:9 (b) Rom. 7:22; iHubo 1:2.

115. Pho-ke, kungenxa yani ukuthi uNkulunkulu asishumayezisele imiyalo eyishumi kabukhali kangaka, uma kungekho-muntu onamandla okuyigcina kulokhukuphila na?

Ngokokuqala ukuba siqhubekele phambili ukwazi imvelo yethu eyonakele ekuphileni kwethi konke (a), silangazele kakhulu ukufuna kuKrestu ukuthethelelwa kwezono nokulunga (b). Ngokwesibili ukuba silokhu sikhuthele njalo ukumthandaza uNkulunkulu ngomusa kaMoya

oNgcwele, ukuze senziwe basha njalo-njalo sibe-ngumfanekiso kaNkulunkulu, size sifike kulokhokuphelela du esikukhonjiswayo emuva kwalokhukuphila okungapheleli (c).

(a) Rom. 3:20; I Joh. 1:9; iHubo 32:5 (b) Math. 5:6; Rom. 7:24, 25 (c) I Kor. 9:24; Fil. 3:12-14.

## NGOMTHANDAZO

### INDIMA YANGESONTO 45

116. Umthandazo uwafanele ngani amaKrestu na?

Uwafanele ngokuba uyisigaba esikhulu sokubonga, uNkulunkulu asifunayo kithi (a), nangokuba uNkulunkulu ufuna kuphela ukupha umusa wakhe noMoya oNgcwele kulabo abamthandaza njalo ngokububula okuqotho bembonga ngalokhu (b).

(a) IHubo 50:14 (b) Math. 7:7; Luka 11:9, 13; I Thes. 5:17.

117. Kudingekani kuwo umthandazo onjalo omuhle phambi kukaNkulunkulu, awuzwayo wona na?

Ngokokuqala ukuthi simbize ngezinhliziyo zethu zonke (a) uNkulunkulu oyedwa weqiniso kuphela, ozambule kithi eZwini lakhe (b), ukuba asiphe konke esiyalwe nguye ukukuthandazela (c). Ngokwesibili ukuthi sazi kahle ngempela ukuhlupheka kwethu nosizi lwethu ukuze sizithobe phambi kobukhosi bakhe (e). Ngokwesithathu ukuthi sinesisekelo lesi esiqinile (f) ukuthi uyathanda impela ukuzwa imithandazo yethu ngenxa yeNkosi uKrestu (g), njengokuba esethembisile eZwini lakhe (h), noma kungasifanele.

(a) Joh. 4:24; iHubo 145:18 (b) isAmb. 19:10; Joh. 4:22-23 (c) Rom. 8:26; I Joh. 5:14; Jak. 1:5 (d) II IziKron. 20:12 (e) iHubo 2:11; 34:19; Is. 66:2 (f) Rom. 10:14; Jak. 1:6 (g) Joh. 14:13; 16:23; Dan. 9:18 (h) Math. 7:8; iHubo 27:8.

118. UNkulunkulu wasiyala ukuba sithandazeni kuye na?

Konke okudingekayo okomphefumulo nokomzimba (a), okwahlanganiswa yiNkosi uKrestu emthandazweni, esifundiswa wona nguye uqobo lwakhe.

(a) Jak. 1:17; Math. 6:33.

119. Lomthandazo uthini na?

*Uthi (a): "Baba wethu osezulwini;*
*malingcweliswe igama lakho;*
*mawufike umbuso wakho;*
*mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini;*
*usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla;*
*usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanecala kithi;*
*ungasingenisi ekulingweni; kodwa usikhulule kokubi;*
*ngokuba umbuso ungowakho, namandla, nenkazimulo, kuze kube-phakade. Amen."*

(a) Math. 6:9-13; Luka. 11:2-4.

## INDIMA YANGESONTO 46

120. UKrestu wasiyalelani ukuba sibize uNkulunkulu sithi: "Baba wethu" na?

Ukuba khona ekuqaleni komthandazo wethu uKrestu asesabise asithembise uNkulunkulu njengabantwana, ngokuba ukwesaba nokuthembeka kuNkulunkulu kuyisisekelo somthandazo wethu kokubili kokuthi uNkulunkulu waba-nguBaba wethu ngoKrestu, nokuba nxa obaba besipha okusemhlabeni, kakhulu kangakanani uNkulunkulu uzokusipha konke, esikucelayo kuye ekukholweni okulungile (a).

Math. 7:9-11; Luka 11:11-13.

121. Kwenezelwa ngani ukuthi "osezulwini" na?

Kwenezelwa ukuba singatholi imicabango engalungile yomhlaba ngobukhosi basezulwini bukaNkulunkulu (a), kodwa ukuba sithembele emandleni akhe aphelele konke okudingekayo okomzimba nokomphefumulo (b).

Jer. 23:23, 24; izEnzo 17:24, 25, 27 (b) Rom. 10:12.

## INDIMA YANGESONTO 47

122. Isicelo sokuqala siyini na?

*"Malingcweliswe igama lakho."*

Lokhu kuthi: sinike kuqala ukuba sikwazi kahle wena (a), sikuhloniphe sikudumise sikubonge emisebenzini yakho yonke, okukhanya kuyo ngokuchachile namandla akho onke nenhlakanipho yakho nobuhle bakho nokulunga kwakho nobubele bakho beqiniso lakho (b). Sinike futhi ukuba sihlele siqondise kangaka ukuphila kwethu

konke nemicabango namazwi nemisebenzi, ukuze igama lakho lingahlanjalazwa ngenxa yethu, kodwa lidunyiswe libongwe (c).

(a) Joh. 17:3; Jer. 9:24; 31:33, 34; Math. 16:17; Jak. 1:5; iHubo 119:105 (b) iHubo 119:137; Luka 1:46, 47, 68, 69; Rom. 11:33 (c) iHubo 71:8; 115:1.

## INDIMA YANGESONTO 48

123. Isicelo sesibili siyini na?

*"Mawufike umbuso wakho."*

Lokhu kuthi: sibuse ngeZwi lakho nangoMoya wakho kangaka ukuba siqhubekele phambili sithobele wena njalo njalo (a); londoloza wandisa ibandla lakho (b); bhubhisa imisebenzi kaSathabe namandla onke azikhukhumezayo phezu kwakho, futhi amacebo amabi onke aqanjwayo ngokumelana neZwi lakho Elingcwele (c), kuze kufike ukuphelela ngempela kombuso wakho (d), wena oyoba yikho konke kubo bonke (e).

(a) IHubo 143:10; 119:5; Math. 6:33 (b) iHubo 51:20; 122:6 (c) I Joh. 3:8; Rom. 16:20 (d) isAmb. 22:20; Rom. 8:22, 23 (e) I Kor. 15:28.

## INDIMA YANGESONTO 49

124. Isicelo sesithathu siyini na?

*"Mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini."*

Lokhu kuthi: siphe ukuba thina nabantu bonke silahle intando yethu (a) silalele ngaphandle kokuphikisana intando yakho enhle eyodwa (b), ukuze yilowo nalowo enze imfanelo yakhe nomsebenzi wakhe ngokuvumela phezulu nangokuthembeka kanjalo-ke (c), njengokuba izingelosi zikwenza lokhu ezulwini (d).

(a) Math. 16:24; Thithu 2:11, 12 (b) Luka 22:42; Ef. 5:10; Rom. 12:2 (c) I Kor. 7:24 (d) iHubo 103:20, 21.

## INDIMA YANGESONTO 50

125. Isicelo sesine siyini na?

*"Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla."*

Lokhu kuthi: sondle ngakho konke okudingekayo kwemizimba yethu (a), ukuze sivunyiswe yikho ukuba ungumthombo owodwa wakho konke okuhle (b) nokuba unake lwethu nomsebenzi wethu nezipho zakho nazo zingesisize lutho ngaphandle kwesibusiso sakho (c), kanti-ke singasathembi izidalwa kodwa sithembe wena wedwa (d).

(a) iHubo 145:15; 104:27; Math. 6:26 (b) Jak. 1:17; izEnzo 14:17; 17:27 (c) I Kor. 15:58; Dut. 8:3; iHubo 37:16; 127:1, 2 (d) iHubo 55:23; 62:11; 146:3; Jer. 17:57.

## INDIMA YANGESONTO 51

126. Isicelo sesihlanu siyini na?

*"Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanecala kithi."*

Lokhu kuthi: Ungasibaleli thina, esiyizoni ezihluphekile, amacala ethu onke nobubi obuhlezé bunamathele kithina, ngenxa yegazi likaKrestu (a), njengalokhu sithola kithi lobubufakazi bomusa wakho bokuthi sinxanele ngokwempela ukuthethelela umakhelwane wethu ngezinhliziyo zethu zonke (b).

(a) iHubo 51:3; 143:2; I Joh. 2:1; Rom. 8:1 (b) Math. 6:14.

## INDIMA YANGESONTO 52

127. Isicelo sesithupha siyini na?

*"Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi."*

Lokhu kuthi: Ngoba sibuthakathaka kangaka ngokwethu singakwazi ukumela umzuzwana owodwa (a), futhi izitha zethu ezinkulu, uSathane (b) nezwe (c) nenyama yethu (d) kusihlasele ngokunganqamukiyo, usigcine ngenxa yalokho usiqinise ngamandla kaMoya oNgcwele wakho, ukuze singahluleki kulempi yokukholwa (e), kepha ukuze silokhu simela ngamandla size sehlule unompela (f).

(a) Joh. 15:5; iHubo 103:14 (b) I Petru 5:8; Ef. 6:12 (c) Joh. 15:19 (d) Rom. 7:23; Gal. 5:17 (e) Math. 26:41; Marku 13:33 (f) I Thes. 3:13; 5:23.

128. Uwuqeda kanjani umthandazo wakho na?

"Ngokuba umbuso ungowakho, namandla, nenkazimulo, kuze kube-phakade." Lokhu kuthi: konke lokhu sikuthandaza kuwe, ngokuba wena uyiNkosi yethu enamandla phezu konke, unentando namandla okusipha konke okuhle (a), ukuze kuthi ngalokho konke singadunyiswa thina, kodwa igama lakho elingcwele kuze kube-phakade (b).

(a) Rom. 10:12; 2 Petru 2:9 (b) Joh. 14:13; Jer. 33:8, 9; iHubo 115:1.

129. Izwana elithi "Amen" lithini na?

Lisho ukuthi kuzoqiniseka ngokwempela. Ngokuba umthandazo wami usuzwiwe nguNkulunkulu ngesiminya impela kunokuba ngizwe enhliziyweni yami ukuthi ngifisa lokhu kuyena (a).

(a) 2 Kor. 1:20; 2 Thim. 2:13.